USbonelo bekungukuphela kwengane kaSosha noNokuthula.



Abazali baka Sbonelo babenothe kakhulu futhi babekwazi ukukhokhela yonke into abayifunayo.

Ubaba kaSbonelo wayeyindoda elungile, ethanda abantu, futhi enomusa kubo.

Ngokuphambene nalakho, umama kaSbonelo wayexabana, ekhohlakele, futhi engenabo ubungani.

USbonelo wayekhohlakele njengonina, futhi ngaleyo ndlela wayesondelene nonina kunoyise.

Izingane eziningi bezihamba ngezinyawo ukuya esikoleni.



USbonelo waya esikoleni ngebhayisikili elisha sha ceke!

Wayehlala eqhoshela ezinye izingane ngebhayisikili lakhe, noma ngomakhalekhukhwini wakhe obizayo, phecelezi, i-smart phone.

Lapho esekhaya, noma esikoleni, wayezohlala elandelwa yiqembu lezingane.

Babethatheka yimigilingwane ayezoyenza ngebhayisikili lakhe noma, nge-smart phone.

Noma kunjalo, akekho noyedwa wabo owayevunyelwe ukuthinta izinto zakhe.

Nsuku zonke uSbonelo wayeza namathoyisi amasha esikoleni ukuzobukisa.



Wayekujabulele ukwenqaba lapho ezinye izingane zicela ukudlala ngamathoyizi akhe.

Kwesinye isikhathi, wayebatshela ebusweni ukuthi ngeke abanike amathoyizi akhe ngoba babengenalutho abangashitshana naye ngalo.

Nomama wakhe wayemtshela ukuthi akumele ahlanganyele amathoyizi akhe nezinye izingane ngoba zizowaphula.

Uthe, ngesikhathi ethenga amathoyizi, bekungewona awabo bonke abantwana besigodi saseMatamatela.

Ngezinkathi eziningana, umama kaSbonelo wayeya emakhaya abafana bese, ebakhuze ngokuthinta ngenkani amathoyizi kaSbonelo.

Ngisho nothisha besikole sakhe babemazi ukuthi unjani mama kaSbonelo.

Bebesaba nokukhuza uma kukhona okubi akwenzayo ngoba bebazi ukuthi uzotshela unina.

Uma uthisha emkhuza, ubebuya ekhaya atshele unina ukuthi uthisha uyamzonda.

Umama kaSbonelo wayengeke angabaze ukuya esikoleni, afike axabane nothisha owayemkhuza, yize ubaba kaSbonelo wayehlale emkhuza ekwenzeni lokhu.

Ngesinye isikhathi, uSbonelo watshela unina ukuthi akasafuni ukufundiswa ngu Nkk Sithole ngoba uyamzonda.

Umama kaSbonelo wavakashela uNkk Sithole esikoleni, wamthuka phambi kwekilasi lakhe.

Uthe uNkk Sithole unomona ngaphezu kukaSbonelo ngoba ubenomakhalekhukhwini ongcono, waphinde wamtshela ukuthi ayeke ukwepula amalungelo akaSbonelo.

UNkk Sithole wabikela uthishanhloko ngalesi sigameko, uthishanhloko wabe esebizela unina kaSbonelo ehhovisi lakhe wamkhuza.

Kwathi ngelinye ilanga, uSbonelo ebuya esikoleni, wabona inyoka enhle encane eceleni komgwaqo, wayicosha ngesandla.



Wayengazi ukuthi ingamluma, nokuthi; yayinobuthi njenge nyoka enkulu.

UThemba noMusa babemlandela, bamthola enyakazisa isandla sakhe ngamandla, nangezinhlungu.

UMusa washeshe wabopha ibhande lake ngokuqinile ngenhla kwendawo elunyiwe, ukuvimbela ukuthi ushevu ungasakazeki kuwo wonke umzimba.

Lapho bebona ukuthi uya ngokuya eba buthakathaka, bazama ukumnika umoya omncane ngokusebezisa izincwadi zabo, namagatsha ezihlahla.



Ngokushesha ngemuva kwalokho waquleka, base benquma ukubiza i-ambulensi.

Themba uzame ukusebenzisa umakhalekhukhwini wakhe kodwa akakwazanga ngoba ubengenaso isikhathi somoya, phecelezi 'air time'.

Wazama ukusebenzisa i-smart phone kaSbonelo kodwa yayivaliwe.

Akekho owayazi ukuthi uyivula kanjani ngoba uSbonelo wayengavumeli noma ngubani ukuthi adlale ngayo.

Zonke izingane ezisebenzisa lo mgwaqo oya esikoleni zihlangane endaweni yesigameko.



Ezinye zezingane zazigigitheka futhi zingamzweli uSbonelo, zathi yingoba ziyazi ukuthi ngeke azisize uma engazithola zikuleso simo.

UThemba wayengafani nezigane ayefunda nazo, wamdabukela, ngakho waphuthuma esitolo esiseduzane eyocela usizo.

Ngenhlanhla umqaphi wesitolo ukwazile ukushayela i-ambulensi ucingo.

I-ambulensi yafika ngokushesha, waphuthunyiswa esibhedlela eMshiyeni.

USbonelo uchithe isonto lokuqala esesibhedlela kwigumbi labagula kakhulu.

Ngemuva kokuba uSbonelo ekhishiwe egumbini labagula kakhulu, wachitha amanye amasonto amathathu elulama esibhedlela.

Uyise wamtshela ngokwenzekile nokuthi afunda nabo bamlekelela kanjani.

Wethuka kakhulu lapho ebona ukuthi ucishe wafa nokuthi, wasindiswa izona lezo zingane ayehlala eziphatha ngendelelo nangokuzibukela phansi.

Labo afunda nabo bavumile ukuthi ithimba labafundi abayishumi abavele ekilasini labo lizomvakashela.

Bathwele izimbali namakhadi amahle wokumfisela ukululama okusheshayo.

Bacela uthisha wabo we kilasi, uNkk Mkhize ukuthi abaphelezele baye esibhedlela.

USbonelo umangele ukubona ozakwabo afunda nabo bemvakashele njengoba ebengalindele ukuthi bazomvakashela.

Wayenamahloni okukhuluma nabo, wavele wakhala kakhulu.

Ukuhambela ngabafundi kanye noNkk Mkhize ukumeseka, kwamnika ubuhlungu obukhulu nosizi.

UNkk Mkhize wamduduza wathi akakhohlwe izehlakalo ezedlule.

Uthe bajabule ngaye nje manje ngoba impilo yakhe ibisengozini.

Uqhube wathi, bazojabula kakhulu uma engashintsha izindlela zakhe, afunde ukuhlala kahle nabanye.

Abafundi bebesegumbhini labaguli ngesikhathi kufika umama kaSbonelo. Wayengakholelwa ngamehlo akhe lapho ebona abafundi, wabe esekhala izinyembezi. Kumthathe isikhathi uNkk Mkhize ukumthulisa.

Lapho ezolile, wabonga ngenhliziyo yakhe yonke ku Nkk Mkhize nezingane ngokuvakasha kwabo.

Uthe ukuvakasha kwabo kubafundise okuningi. Ekugcineni, wacela uNkk Mkhize ukuthi amxolele ngokubhekana naye kanye nokumthuka phambi kwabafundi besikole.

Eseluleme ngokugcwele, uSbonelo wabe esekhishwa esibhedlela wabuyela ekhaya.

Ngosuku afika ngalo ekhaya, abanye abafundi bafika bezomamukela ekhaya. Waphinde waba namahloni futhi wehluleka ukubhekana nabo.

Akakwazanga ukulinda usuku lapho ezobuyela khona esikoleni ukucela othisha nabafundi ukuthi bamxolele.

Ngalobo busuku waba nephupho lapho azibona khona esikoleni edlala futhi ezijabulisa nezinye izingane.

Ngakusasa, uSbonelo wavuka ekuseni kakhulu waya esikoleni.

Ekufikeni kwakhe, ucele umphathi-nhloko ukuba abizele bonke abafundi emhlanganweni.

Wabe esecela wonke umuntu ukuthi amxolele ngezinto ezimbi azenzile noma azisho kubo.

Uthishanhloko ubonge futhi wahalalisela uSbonelo ngokushiya imikhuba yakhe emibi; nangokukhombisa ukuzisola.

Nabazali bakhe bavakashela isikole beyobonga abafundi ngokusindisa impilo kaSbonelo endleleni ebheke ekhaya.

Umama kaSbonelo uthembise ukunikela abafana abasiza indodana yakhe inkulungwane yamarandi umuntu ngamunye, njengophawu lokubonga.

Laba bafana banqabile ukwamukela lesi senzo. Bathe bamsize uSbonelo bengalindele mvuzo.

Babonga uSbonele nomama wakhe ngokushintsha izindlela zabo zakudala zokuphatha abanye.

# UKUBONGA

**Ibhalwe ngu**
Pitsi Ragoasha

**Kufanekiselwa ngu**
Heidel Dedekind

**Mhleli 1**
Pandelani Claudine Rambau

**Mhleli 2**
Isabel Seakamela

**Mhleli 3**
Irene Masemola

**Umklami**
PixelPing Design

**Umhumushi**
Samkelisiwe Nyathi

**Umqinisekisi Wekhwalithi**
Patricia Siweya

